**DEPARTMENT OF HEALTH**

**NO. 333** **07 APRIL 2017**

## ISIMEMEZELO SIKAHULUMENI

## UMNYANGO WEZEMPILO

### I-*HEALTH PROFESSIONS ACT, 1974* (UMTHETHO WAMA-56 WE-1974)

### IMITHETHOZIMISO EMAYELANA NEZIQU ZOKUBHALISWA KWABALEKELELI BODOKOTELA BAMAZINYO: ISICHIBIYELO

UNgqongqoshe wezeMpilo, ngaphansi kwesigaba sama-24 se-*Health Professions Act, 1974* (uMtheththo wama-56 we-1974) kanye nangaphansi kwezincomo zoMkhandlu weziNgcweti zezeMpilo eNingizimu Afrika, wenze imithethozimiso kuSheduli.

**UDKT AARON MOTSOALEDI**
**UNGQONGQOSHE WEZEMPILO**
**USUKU:**

## ISHEDULI

**Izincazelo**

1. KuleMithethozimiso, "**Imithethozimiso**" kusho iMithethozimiso emayelana neziqu zokubhaliswa kwabasizi bodokotela bamazinyo njengokuba kushicilelwe ngaphansi kwesiMemezelo sikaHulumeni R338 *kusoMqulu kaHulumeni* wezi-27464 wamhla ziyi-15 kuMbasa wezi-2005 njengokuba ichibiyelwa iziMemezelo zikaHulumeni R580 kusoMqulu kaHulumeni wezi-31084 wamhla zingama-30 kuNhlaba wezi-2008, kanye R120 kuSomqulu kaHulumeni wezi-35045 wamhla ziyi-14 kuNhlolanja wezi-2012.

**Ukuchibiyelwa komthethosimiso wesi-2 weMithethozimiso**

2. UMthethosimiso wesi-2 weMithethozimiso uchibiyelwe lana ngokufaka endaweni yomthethosimisonyana wesi-(2) kumthethosimisonyana olandelayo:

> "(2) Nakuba kunanoma yini ephikisayo equkethwe kuleMithethozimiso, noma imuphi umuntu osebenze njengomsizi kadokotela wamazinyo ngaphambi kosuku lokushicilelwa kwalesi sichibiyelo, engafaka isicelo ebhodini, sokubhaliswa njengomsizi kadokotela wamazinyo, ezinyangeni eziyisithupha emuva kosuku lokushicilelwa kwalesi sichibiyelo,bese ibhodi lingamvumela umuntu onjalo ezimfunekweni zomthethosimisonyana woku-(1): Kuncike ekutheni umuntu onjalo aphumelele ekuhlolweni yibhodi eminyakeni emibili emuva kokubhalisa njengomsizi kadokotela wamazinyo, uma engaphumeleli, umuntu onjalo kumele asuswe kurejista yabasizi bodokotela bamazinyo"

**Isihloko Esincane**

3. Le mithetho-zimiso kumele Ibizwe Imithethozimiso Emayelana Neziqu Zokubhaliswa Kwabalekeleli Bodokotela Bamazinyo: Isichibiyelo, 2017.

This gazette is also available free online at www.gpwonline.co.za